Miscellaneous information about the Thembu, Chunu and other nearby tribe. K13/21 1/17 16

\1b\ K 13/21

s497 (36) ~~AM~~/3/21 F. Vilakazi

1. Izekwa uNtombane Fusi owendele kwakubeka
no Nzondo Mcunu ka Dlayisa.

uFokothi Fusi.

uFokothi kwakuyinduna ka Dingane inkosi yakwazulu. Kwathi ngelinye ilanga uFokothi waxa6ana noNdlela 6eno Nzo6o izinduna nkulu zika Dingane. Uthena uma6axa6ane uFokothi wa6ona ukuthi inkosi uDingane ifuna uku6a maka6ulawe. Kuthena musukwane inkosi iphake impi ukuyovimbezela emuzini ka Fokothi wezwakuqala uFokothi ukuthi inkosi isiphaka impi ukuzomu6ulala ngo6a exa6ene nezinduna ezinkulu.

uFokothi Thusi wenza njengo zokuFoca induna yakhe futhi uDingane. Kwathi otshwaleni o6uphuma emuzini wakhe kwafumaniseka into indizaphezulu intanta otshwaleni. uSe6uza uNdlela ukuthi
2. muhlola munilona Fokothi? uFokothi akasaphumeleli, usethi nami kangazi lutho nina 6akomkhulu. Kwafumaniswa ukuthi umhlapho wehashi lona. Usesuka uNzo6o use6ikela uDingane. Inkosi yona yayingekho kulewo mukhandlu. Isithi inkosi maka6izwe uFokothi Wa6izwa uFokothi. Uthena ngokufika eduzane inkosi yatshaka amathe. Usekuleka njalo uFokothi. uFokothi indoda eyazi amakhambi kakhulu. Kuthiwa yamelapha uDingane njengo6a wathi noma esemu6izile akamunquma. Wathi njena muhlola muni lona engiwuzwa ngawe na? uFokothi wathi nami ngamangala nkosi angiwazi
3. ukuthi wawenziwe u6ani lomuhlala. Inkosi yaphinda yatshaka amathe yathisithela ngingaku6oni. Ne6ala usesithela ngokushesha usehamba njalo. Usefika ekhaya kasalali usetshena undunankulu yakhe uPhuzane uthi hamba wena nesifazane sonke u6usukulo6u. Usehamba uthena uma asuke naye uFokothi walandela ngomuva. Kuthi 6engakawu weli umuzinyathi uPhuzane na6aningi ya6afumana impi yakwazulu ya6a6ulala. Wasinda uFokothi waze waphumelela ukuwela umuzinyathi. Kwathi uku6a awuwela kwayikhona ethola ukuphumula. Kwayikhona futhi e6ona ukuthi uPhuzane ufile. Usekhukhula enyusa umzinyathi.

4. Uthena uma esenyuke kakhulu nomzinyathi wase uyama. Wayenamakhosikazi awu 6. Kuthena uku6a awele uzulu wadela

MEM /waphinda.................

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

waphinda emva. Wase uyakha umziwakhe omkhulu enhla nowa umzinyathi. Wakha umziwakhe eduzane nentajana kuleyo ntajana kwakukhona umufudlana. Kuthena ngamhlomunye uFokothi engazilutho kwafika impi enkulu yamaNdlela. Lempi wayilwa naye uFokothi namadodana akhe. Kwathi inkosana yakhe uMbabane yafela kuleyompi lapho kusuka lomfudlana omuncane esendla komuzi kaFokothi wase ewuqamba ngokuthi uMbabane. Namhlanjena uMbabane indawo enkulu impela yakhelwe a6aningi a6antu.

5. Kuthena uku6a ilimele indodana yakhe uMbabane wase uyazinikela uFokothi kumaSwazi enkosini uKhakanyeki Nkosi uyise ka Gamulakhe. uKhakanyeki usemenza induna uFokothi. Uthena uku6a afe uFokothi washiya indodana yakhe uMangondo. Kwathi naye uMangondo wamenza yona induna uMkhakanyeki wasuke waxa6ana nondodana ka Mkhakanyeki uGamulakhe yase isimukhipha e6uduneni. Kusekuthi uMangondo esezala kwathi uNtombizodwa wakhe. 6elu uMangondo wamfundisa. Kuthena uma eseganile kwa Kubeka wagana umuntu oyi Roma isonto lakhe. 6ase 6ehlala eDannhauser naye umyeni. uNtombizodwa waze waqamba isikole sezingane kulendawo eDannhauser.

6. Isikole

Kuthena ngokushonelwa unina umyeni ka Ntombizodwa washiya ekhaya ngo6a uyise esethathe omunye umfazi ka6aze 6ahlala kahle kuyena. uGundu usemuka. Bahlupheka uGundu no(Ntombikayise) Ntombizodwa. Kwase kuvela umnumzane uMthembu esecela uGundu uku6a avumele uNtombizodwa afundise izingane zakhe. Usevuma uGundu. Izingane zika Mthembu zazizinhlanu. Wazifundisa uNtombizodwa kwayazaze zaziningi aza6ezisanela ekhishini. Se6ecela umfundisi wasema Romoni uGundu 6eno Ntombizodwa uku6a makavule isikole kulendawo athenge indawo akhe indlu ekulu futhi. Wavuma umfundisi uNichol, 6asakha isikole esikhulu.

7. Wayeseqala ukuhola kumfundisi uNtombizodwa. Wahola imali eningimanjena kuhakuqala eholelwa uMthembu. uMthembu wayemuholela £1 ngenyanga. Manjena sekuyisikole esikhulu sakwa Hulumeni. 6onke otishela 6a6ehlalakuyena uGundu a6aqambi 6esikole.

Njengo6a lendawo yase Mbahane ayinawo amanzi kwakuthi

/ngezikhathi...............

MEM

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

ngezikhathi uma li6alele ilanga lomfula o kuthiwa uMbabane ushe. Kuthi uma usushile kumbiwe esihla6athini imigodi kuze kushone phansi. Kulindelwe amanzi ukuthi aze aphume kuhlalwe lize liyo shona ilanga kuvukwe ekuseni. Kuthi 6angakha a6anye 6ashiyele a6anye. Kwesinye isikhathi aphele a6anye 6angawa tholi kwenzeke
8. ukuthi a6antu 6aze 6alwe 6odwa 6e6angawona amanzi. Nanamhlanjena kusenzeka loko. Kuthi ngezikhathi uma izulu lina kakhulu ukudla okulinyiwe kushone phansi njengo6a indawo iyisihla6athi.

Izinkomo zonake zaziqutshwa zisiwe emuzinyane kude impela ziyophuziswa khona. Kuvukwe ekuseni izinkomo zibekiswe emuzinyathi. Kuthi a6avilapha ukuzisa eMzinyathi 6ambe umfula omncane 6ahambe namabakede, nezimbiza 6eyokhelela izinkomo. A6anye njalo 6ange6e 6asawathola se6ezobeka khona eMzinyathi 6ayoziphuzisa izinkomo. 6a6ophele nezinka6i ngezihliphi 6eyokukha wona amanzi. Okuphuzisa
9. izinkomo, nawo kuphuzwa a6antu. Kwathi ngoku6onaloku a6antu 6ahlangane 6enza amadamu. 6avimbe izindawo ezinamanzi uku6a angagelezi kakhulu ehlo6o. Maningi amadamu kulendawo. Kuyaye kuthi e6usika ashefuthi uma izulu linganaanga kakhulu. 6ese kumbiwa futhi kwenziwa sona leso. Njengo6a nezinkuni zoku6asa azikhokulendawo ku6aswa izinhlanga, namahleza namalongwe, okuthezwa nawo kucatshawa. Izindlu zakhona zakhiwe ngomugu6ane mivama yazo njengo6a amasoye awekho nangamatshe ezinyela amuhlophe ngo6a kungekho indawo yokuhla6a amasoyi. Zifulelwa
10. ngotshani phezulu. Ukudla okulinywa kulendawo izindumba, nezindlu6u, namantongomane. Yikhona kudla kuvumayo. Ama6ele a6awalimi kakhulu. Umbila 6ayawulima impela nawo ngomunye unyaka uyavuma ngomunye njalo uma linga6alelanga, lagcugca izulu u6akhona umbila.

Kuthena x esanda kufika uFokothi izinkomo zakhe eziningi zafa kakhulu. Kwathi umfowa6o uTusini wesuka yena wemuka kulendawo wabeka kwelase mhlumayo kwa6akwa Sithole 6aka Matshane. Wafike wokhonza ngo6a emazi uMatshane emazela kwazulu. Usehlala kwathi ngokufa kuka Matshane kwase kuvela izimpi iziningi phakathi kwa6a Thembu na6akwa Sithole. Lapha uTusini walahlekelwa

MEM

11/okuningi......................

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

s497

11. okuningi. Uthena esuka we6eka eMachunwini kwafumaniseka ukuthi ayalwa amachuni nala6a 6akwa Sithole nawo futhi amachunu. Waye6aleka nendodana ka Matshane encane okwenza amachunu anga6avumi. Acamanga ukuthi 6ayizindloli za6akwa Sithole. Kuthena uma inkosi ithi ma6a6ulawe 6asinda kodwa, kwasa se6engekho emachununi uTisini 6eno Hlafuna wenkosi yama Sithole. Uyise uMatshane wayethunywe inkosi yakwazulu uTshaka uku6a yena azoqeda amazimu kuleli lasesilungwi. Kuthena uma efika wafumanisa a6akwa Lala. amalala. Walwa nawo wase uyawaxosha njalo wona amalala.

12. Kuthena uku6a amuzwe amazimu ukuthi usefikele uMatshane asuka nawo a6aleka. Uku6aleka kwawo akwela uNdi. Kwathi inkosi ya6esuthu ngoku6ena u6uncane 6esizwe sayo yase yenza isulokuthola amazimu a6eyi6utho layo. Yawalimela ngo6ayazi ukuthi amazimu eziwa indlala yezimpi zakwazulu zika Tshaka. Uthena angawaxosha uMatshane walwa namangwe nawo wawehlula aMangwe. Uzeyena wanqotsha yi6ona a6amhlophe. uTshaka wa6ona ngo6a 6onke a6antu 6akhe a6a6aleka kuyena 6anga6e 6asa6onakala. Ne6ala kwakuyiwona amazimu ayedla a6athu 6aka Tshaka. Antshontshe nezinkomo zika Tshaka.

13. Kwafa amadodana akhe amaningi. Uthena noma esemu6iza umfowa6o uFokothi aka6onaze asavuma waze wafanaye uFokothi. Kuthena uma esefile washesha wafanaya futhi uTusini. Kwasala amadodana akhe ama6ili uDube no Dlula wonake asheshe asuka kwelakwaSithole abeka kwa Ma6aso eduzane nase Mnambithi lapho namanjena inzalo ya6o isekhona. Indawo ya6o Shevili a6aningi 6amadodana 6a6ulawa izimpi zakwa Ma6aso zika Bande. uBande wayelwa na6akwa Sithole na6akwa Kumalo. Kulapho aphelelakhona amadodana ka Dlula 6eno Dube. A6anye kuwona 6aphindela kulona leli lika Fokothi kwelase Mbabane lapho 6esekhona namanjena.

14. uJani Mcunu na6aThembu.

uJani Mcunu waye akhe ngaphezulu emhlangane. Njengo6a 6onke a6enkosi 6akhe khona. Kwathi ngokungezwa kuka Jani waze waya emhlumba maduze nase Winene. uJani esewumufana wayegangile kakhulu. Kwakungeyena umfana owayelungile. Wayelwa na6afana a6akhulu kunaye a6elamaya. Kwakuthi noma kuyodliwa iphaphu uJani

/anga6uyi.......

MEM

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

anga6uyi engalwanga. Waye6uya enamaphuphusi amaningi ekhada. Kokunye enezingozi eziningi ekhanda. Kwaya 6amesa6a a6anye a6afana ngo6ushinga 6akhe. Kuthena uma eseqala u6unsizwa wenziwa igosi lezinsizwe zendlamu. Kwathi ngo6a kwakuyindoda elelwa

15. futhi 6ayixosha eMhlangane. Yasuke yaxa6ana noMzocithwayo. uMzocithwayo kwakuyinduna kaSilwane inkosi yaMacunu. uSilwane umfowa6o ka Ga6angaye owafela eSandlwane ngempi ka zulu na6amhlophe. Kwathi ngokufa kwakhe uGa6angaye kwase ku6a uyena uSilwane inkosi Kwathi ngokumudingisa kwake a6amhlophe ngo6a 6emu6ona ukuthi unocuku. Kwathi ngempika Bambatha ka Manciza na6amhlophe naye uSilwane wafuna ukulwa na6amhlophe. Kwathi ngokudingiswa kwakhe washiya uMzocithwayo esikhundleni sakhe so6ukhosi. Kwayathukuthelisa amacunu loko ngo6a wayekhona owenkosi uGi6a. Wahamba ngaleyo nkathi uJani mcunu waya eWeneni.

16. Kwathi noma esekhona lapha uJani waqu6eka ukwenza izimpi. Kungathi naye waye6anga u6ukhosi nala6a 6enkosi, 6aka Phakade kaMacingwane. Kwathi yena wafuna uku6uthatha ngempi u6ukhosi. Kuningi uJani ehlasela emhlangane yena esese mhlumba. Kwafumaniseka ukuthi 6ayamehlula la6a 6enkosi. Uthena ngoku6ona loku uJani wayeselwa na6a Thembu. Asikho isizathu esenza uJani uku6a ahlasele a6a Thembu wenziwa yilona ucuku. Wathi ngoku6ona ukuthi uyehluleka kwa6aku6o waye sexa6ana na6aThembu. Kwathi kuphuzwa utshwala emuzini ka Gundane Mthembu. Kwathi sekuphele amasonto amahlanu kade i6ambene yona eka Jani na6a Thembu yase yaxoshwa

17. eka Jani sekuhlwile. uGundane wayixoxa ukudumelana kwayo phuzukwe Nzinhlophe. kade kuwumusindo kwama6aso uNtshali. Kwathi uku6a a6aThembu 6a6one ukuthi amacunu asehlohla impi. A6aThembu 6ase 6egudla inta6a inzinhlophe eyamacunu isekude kuthe uma isisondela wase eya6a owenkosi uKufakwezwe. Kwathi kuhle uGundane ayihlanga6eze yikhona izakuza kalula icamanga ukuthi a6a Thembu 6aya6aleka. Wathi kuhle 6ayihole kancane. Kuthena umase6eyongena emahlathini aseNzohlophe 6ese 6eqinisa ukuze nalena ikwazi ukuvuka idumele.

18. Lena eyayicashile yayinowenkosi uKufakwezwe. Kuthena uku6a iphonsane ehlathini phansi kwenla6a yadumelana kanzima. Kanti

MEM /lena..................

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

s497

lena ehamba nowenkosi isivimbe ngemuva. Athe ephenduka amacunu afumanisa sekukuбi nangemuva. Yadumelana kakhulu kwafa amacunu amaningi. uJani yena wasenda ngoбa wangena ehlathini isaбambene nelinye ihlanzana waphumelela ukuhuhuluza engaбonakaliyo. Kulena aбaThembu бahlaбana impela. Kuthe inqamuka wayengasa бonwa uJani. Seбehamba aбa Thembu бephinda emuşindweni. Kwathi izidumbu zamadoda afileyo бazicuya njengase mpini yaбakwa Zulu nama Cunu.

19. Impi yaбakwa Zulu naMacunu yahlangana emini ngesonto ephuma amasonto. Kuthena ukuбa ihlangane kwathi aбafana бaбasa ngaphambili ngokuбona ukuthi бazoбaleka. Kwathi ukuбa iyohlangana kwathiwa aбangiyi beki kuhle бabekephansi ngoбa бazoshaywa uvalo ukuбona imikhonto. Kwaqasha ~~xx~~ izintethe. Kuthena uma isihlangene kwasuka izintuli zabeka phezulu. Kwathi umuzuzwana бayifaka ~~x~~ ezindongeni lena eyakwa Zulu ngoбa yayihlehlayona. Kwathi uJimu Myaka wahlaбana ngamadoda amathathu. Enye kwakuwukwenya waбo. Iganwe uShelele. Kwathi kanti uyamuбona usecashile ezindongeni

20. ngezidumbu zamadoda. Esezifulele ngamathumbu aбanye aбafileyo. Wathi angamuбona uJimu. Wazikhalela kodwa uJimu akazange amuyeke ngoбa naye wayesaбa ukuthi aбakhuбo бazolwanaye бamuбulale ngoбa empini akukhethwa lutho. Uthe noma emuбulala wakhala ngokuthi aze amuбonisele aбantwana бakhe. Kuthena ukuбa бayixoshe eyakwazulu бashisa imizi manjena. Kuthena бeyishisa kwase kuhlwile Amakhosikazi nezingane kwaphuma kwagcwala emahlathini. Kwathi amadoda ayesasele aqonda ezikangala nese Ngome. Kuthe eбusuku amacunu aбacuya laбa бakwaZulu. Kwathi amaphoyisa nononqayi бefika kwafumaniseka ukuthi aбanye seбecuyiwe. Kwathi aбaningi kumacunu

21. ekade бesempini бaбaleka бagcwala ezintaбeni nasemahlanzeni. Kwakuthi amakhosikazi aбasele ukudla ngakusihlwa. Aбaningi бaбanjwa. Kwathi naбolaбa aбathi бacashile бaбanjwa. Kwasinda aбaбalekela ezinkangala aбanye бemuka impela бanqonda emvoti nase бaбomvini naseNguбemvu. Kwathi uJimu yena waqonda eMgungundlovu. Kuthena ngokuphela kwempi seбeбoshiwe aбaningi waбonakala. Kodwa akumange kusamusiza ngalutho ngoбa waбuya esegula kaбi ehlanza igazi. Futhi waye phupha yena uKhalimela umuyeni ka Shelele

MBM /amugwazayo............

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

amugwazayo. Kuthena ngesikhashana efikile kwathi a6akwaZulu 6afuna ukumuvimbezela 6amushisele ndlu. Wezwa uJimu waphinda wa6aleka futhi waze wa6uya esezokufa. Wa6ulawa iphupho lika

22. Khalimela. Lempi impi yaMacunu na6akwa Zulu. Amacunu akhe eThembeni a6akwazulu 6akhe ezinxiweni zikaNgotshane wase Mabeleni inkosi yamalala eya6ulawa uPhakade ukufika kwakhe kuleli lasemacunwini ngaphesheya ko Tukela nanamhlanjena a6athokozelani a6ase Thembeni na6ase Thulini ngenda6a yayoleyo mpi. Akwaziwa noma kuyakuthi ngokuphuma kwa6o ejele 6adumelana yinifuthi ngo6a a6akwa zulu 6asa thukuthele impela. Phoke neka Jani Mcunu na6a Thembu ya6anjalo. uJani akaphumulanga woya6ayoda njalo waze waphuma ejele uthena angaphuma wayihlomisa enkulo yaMacunu uku6a iyokulwa na6a Thembu.

23. Kuthena kuphuzwa kuhleziwe njena. Wayixoxa uGundane egazilutho. Kwathi uSimula Mthembu ephuma eyocama wa6ona a6afana 6e6aleka 6exosha izinkomo. Use6iza yena umnumuzane ethi noku ngi6ona a6afana 6e6aleka 6exosha izinkomo. Asephuma wonke amadoda. Usezwakala omunye umfana uthi isingene. Asehlomanjalo nawo amaThembu. Zasuka izinsizwa zahlanga6eza a6afanane zinkomo. Kwezwakala uphondo ukuthi isifikile eyaMacunu. Ilanga lase li6antu 6ahle. Lithena lishona yayifinyelela kweminye imizi yamaThembu yayisha njalo ishiswa a6ase macunwini. 6ashisa imizi enganeno ko Tukela. Kwathi izinkomo 6a6aleka nazonjalo 6aziweza uTukela. Kwathi amakhosikazi a6aleka awezwa uTukela.namadoda

24. alandela ngemuva nezinkomo nezingane. Izulu lalina ngalolusuku. Kodwa uTukela lalingagcwele. Kwathi uku6a umukhosi uzwakale ku6a Thembu 6ahloma na6o. Kuthena zikhala izinkukhu zokuqala yayizwakala iwela uTukela. Kuthena ingawela wayimisa uGudane. Akathandanga uku6a idumelane ngo6a kwakumnyama. Kuthena umakm kuthidwengu ukusaya6ona. A6a Thembu 6adumela ngoku6ona ukuthi nakulapha ikhona. 6adumela entshweni ku Jani. uJani wayikhulula ngawonke amakhala uku6a i6ambe kanye kanye. uGundane yena wayigiya impi ya6aThembu aya6amba kanye kanye. Amacunu ayidumela ayiphonsa ezinkwazini ezinkwazini zoTukela. Kwazisa ukuthi

MEM 25/umfula.................

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

s497

25. umfula uyangenisa manjena kwathi a6anye 6ethi 6ayawela 6emuka nomfula. Kwathi neyayingaka 6ambi ya6ona ukuthi Amacunu ezanayo. Yadumela qede ya6uye yahlehla. Nayo ya6aleka futhi. Kwazisa ukuthi ukuthi amacunu akhokha isibongo asenziwa a6aThembu. Yehlulwa eya6a Thembu. Kwathi namacunu ethi ayayixosha avinjwa umfula. Nayo lena yalanyulwa a6amhlophe. Kwathi uJani nephini lakhe uPhunga 6a6anjwa. Kwathi uJani yena wa6anjwa wase uyadingiswa ngenda6aye zimpi. uJani lona waye ngaqala ukulwa. Yayesexa6ise izizwe eziningi. Kuze ku6e namhlanjena akwaziwa ukuthi uJeni washonaphi. Akaphindanga a6uye. Kwahanjiswa umuziwakhe wonke. Akwaziwa ukuthi washonaphi.

26. Izi6ongo zika Jani.

Udeda ngendlale, ngafika,
Uhlomendlini wawo Phakade,
Uma6ala amafafa ufufu6ele.

Owele uTukela ngezintu6a ezimazombe ujukujela isikuni somulilo ngaphesheya ko Tukela. Ngo6a wajukujela a6aThembu. Inkomo edlayodwa ngenzenjani. Adleyedwa ngokushiya umuzika yise engaziwa. Dla6ana, Dla6ana, uhla6ane ukuphuma kwelanga. Udeda ngendlale ngikuphumuze. Unodumela akadinwa izingazi zamadoda. Uqotha imbokodo nesisekele ngo6a wadudula, washisa izindlu ngonyezi. Madoda mthula nje nimu6oni usefikile, Okanda6a use6onekele, mudedeleni edlule. Amadoda azetshatha izikhali. Owendlula kadeda ngendlale ngonyazi phakathi kwesikhala zamadoda. Izeze elimnyama lika Macingwana nda6a.

27. Kuthena uku6a adingiswe uJani Amacunu ase ayesa6anjalo. Kwasekuthi uSilwane naye wadingiswa emva kuka Jani. Omunye futhi owadingiswa owenkosi uGi6a ngo6a yena wa6angisa uMzocithwayo kathi uyena waye6ekwe inkosi uSilwane uku6a a6eyinkosi a6ambele uSimakade wenkosi uSilwane. Kwathi ngempi yezindela eyavezwa uGi6a naye uMzocithwayo kwase ku6ekwa uMtshudi uku6a a6ambele uSimakhade. uSimakade uzalwa inkosikazi umaNgu6ane u6esafunda Edendale ngase Mgungundlovu. Izimpi 6ekungathi zingcono ku6a Thembu naMacunu. Okwamanjena kusalwa izigodi zase Macunwini

MEM /zodwa.................

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

s497

zodwa. Ilezi Ezintandaneni, Emhlangane, oPhathe, Emanyiseni, Emadulaleni, Kwanxamalala, KwaDumakude, Ekuvukeni, oThulini, eThembeni, eTshekane, naSimumu. Kulezi zindawo zamacunu na6a
28. Thembu izikolo azifuneki ngo6a kuthiwa izingane ziyabunguka uma zifundisiwe. Kwala nezingane zamakholwa kuthi uma sezikhulile zingaphuma ezikoleni zikhumule futhi zifake amabeshu. Izikole kulezizigodi zase macunwini ziyingcosane. Esikoleni sakwa Dumakude, yisona sikole sakwa Hulumeni. Ezinye eza6afundisi. Esigodini sakwa Nxamalala asikho isikole. Esigodini sakwaHlathi Shezi induna yase Tshekane asikho isikole. Esigodini saso Thulilini lweZulu kasikho isikole. Esigodini saso Phathe asikho isikole. Esigonisase Madulaneni asikho isikole kwesika soTshangane Dumakude induna yase Madulaneni. Emhlumba kasikho isikole. Esimumu kasikho isikole. Izikole zise Thembeni nase Mhlangane,
29. nase Mashunka nakwa Leje. Lezizikole eza6afundisi kufundelwa ikhethekisima kuphela. Ingane ithi ingangena e6andleni iphume. Izikole zamaLuthele ezandile. Yingo6a u Otto oyemamulungu omhlophe owafika kuqala kulendawo wayeyi Luthela. Kuthena uma efuna ukuvula izikole zakwa Hulumini awavumanga amacunu wehluleka. Lezi ezikhona eSakwa Dumakude, nesase Mthatheni zisendaweni ka Hulumeni emthathini. Lezizindawo ezimbili yizoma zisiza a6antu uma kukhona izimpi a6antu 6a6alekela khona 6asinde. Ayesa6a amacunu ukuhlasela kulezondawo, ngo6a kuyizindawo zika Hulumeni. Lezizigodi engizishoyo zinkulu impela zifanelwe izikole ngantathu isigodi sisinye. Izingane ezifundayo ziyinsini
30. na6azali 6azo 6ayinsini enkulu kuMacunu. Azifundeli lutho zifundela ukukwazi ukubala kuphela. Azifundi zigcine naku Standard IV. Kusuke kuyinhlanhla uma ingane izeyaphumelela uStandard IV. Kuyenzeka kwesinye isikhathi amantombazane agcine ku Standard IV. A6afana 6aphuma kuselena ngo6a 6ayelusa izinkomo nezimbuzi into efuywe yala6a6antu kakhulu. 6aphuma 6ayofundela nokulwa ngo6a esikoleni a6akufundeli loku. Ukulwa a6afana 6akufundela ehlane uma6elusile. Indlamu 6ayifundela ezindaweni ezikhethiwe ukuyofundela yona indlamu. Ifundelwa

MEM /kanye.................

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

s497

kanye ngesonto. Kuhlangana izintombi nezinsizwa kuyofundelwa ehlane kukhetwe nosuku futhi. Kuyiwa ntambama emvakwamadina.

31. Ku6uywe lingakashoni nelanga kodwa seli6antu 6ahle. Insizwa engaveli umakusafundelwa ayihlangani nezinye izinsizwa umasekusinwa emusindweni. Futhi ithola icala kuGoso wezinsizwa. Nentombi kunjalo engaveli ithola icala kwezinye izintombi. Naleso, nayileso sigodi sinendawo yaso namagoso aso. Kuhlanganwa emusindweni umasekuqudelwana. Kuzothi ngokwehlulwa esinye isigodi sekuwela impi njalo sekuyaliwa. Nezintombi zinsa konaloko. Igoso lendlamu alihlangene nelempi elempi lilodwa. Kuthi kungaphela ukufundela indlamu, kufundwe ukushaya induku. A6anye 6a6uyalapho 6anezingozi kodwa kunga6i nda6azalutho ngo6a 6ekufundwa njalo nezinda6a ezithile ezimayelana nesigodi zi6ikwa khona lapho esigcawini sendlamu.

32. Into eyaziwa kakhulu futhi kulendawo ukweshela. Ungafumanisa izinsizwa mihlayonke zehlazenyeka zivela ekwesheleni. Intombi yesigodi kayeshelwa. Intombi ethanda esigodini ka6ayesheli a6anye noma6eyithanda. Awukho omunye umuse6enzi owendlula lona. A6adala ukuphuza kuphela utshwala emizini. Uma insizwa isizoqonywa ifuna imali ukuze ithole iphasi kuleyontombi. Intombi iqonyelwa ezindala. Kuthi eseshelini zayo6a yikhombise oyena efanele uku6a ingamuthanda. Zazakumutshena izinkehli uku6a a6afika alande iphasi lakhe ngelanga elithile. Nayeke usezomema enye insizwa uku6a imuphele kezele. Kufuneka aye ephethe u 30/- ukuze zimunike iphasi. Uma ingekho lemali akanakuqonywa.

33. Iphasi lele lenziwe ngo6uhlalu, lefakwa entanyeni lensizwa. Lisuke lenziwe iyona intombazane. Uma insizwa isiyilethile imali sezizokwa6elana izintombi kulemali ziyothenga amaswidi. Kuzakuthi lena eqomile yona ithole imali eningi ngo6a izothenga ingu6o yesoka. Ezinkulu, izikehli zizoyilaya manjena encane ukuthi uma efikile umfana kuhle ingaqali ukuhlangana nayo ngosuku lokuqala. Nembala se6eyokulwa kuze kuse umfana nentombiyakhe. Izakumehlula ngelanga lokuqala. Usezohambake umfana lona. Yona

MEM /isizovuka.................

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

isizovuka iyoxexela ezinkulu ezayiqomelayo ukuthi kuhambe kanjena. Zizoja6ula uma ukuthi umfana wehlulekile ngalolo suku. Useyo6uya ngosuku olulandelayo isilungile manjena. Umfana nentombi yakhe 6alala ehlane. Intombazane ize nezingu6o kayifiki nazongosuku
34. lokuqala. Ize ifeka nazo ngosuku lwesi6ili. Nokudla ayimenzeli ngosuku lokuqala, imenzela ngosuku lwesi6ili. Isoka lidla ubontshisi notshwala. Aliyidli inyama yasemuzini, namasi asemuzini aliwadli. Intombi ithi ingaqoma 6ese izilindisela ngawo ubontshise ukuze kudle isoka. Amasoka awazi6ikeli izintombi uma ukuthi ayeza. Izintombi zona ziyawatshela amasoka umazihamba nomaziyaphi ukuze amasoka angahambeli.u6ala. Amasoka afika kuhwalele emuzini amanye ezwakala ngezimpempe ukuthi u6anike lowo. Izintombi zona ziyazi ukuthi impempe uma ikhala kanjena i6iza u6ani. Sezizomutshena ukuthi uyafuneka. Isoka selizo6ona ngayo intombi ukuthi izwile isifika kulona. Uma isa6ambekile izothumela ezinye ukuyokwazisa isoka ukuthi iyeza isa6ambekile.

35. Izinsizwa zakuleso sigodi azilenzi lutho isoka, ngaphandle umakuliwa. Azilisukele futhi esigcawini. Kuthi uma selihamba selehlukene nezintombi e6eziliphele zela ziqamuke izinsizwa. Nalo selizo6aleka. Nokofuthi konaloku kuya6atshazwa kukhuzwe umuhlola. Nentombi isaku6azisa njalo la6o a6asukele isoka. Isoka umalize entombini liza livunu lilekahle impela lihlomile futhi nga6aphela lihamba u6usuku lingahle lihlangane nezitha zentombi izimbangi. Yizonake, izimbangi ezihlupha amasoka ngo6a ziyawa zuma. Namakhelwa kunjalo kuleli lasemacunwini ahamba ehlomile ukuze azivikele nasezitheni zezintombi. Isoka liyawuhlonipha umuzi waku6o wentombi. Intombi yakhe umuntu kuthiwa isixe6e sakhe.

36. Ukuvunwa kwama6ele.

Kunhlo6o ningi ukuvunwa kwama6ele loku. Ama6ele anomuse6enzi omuningi ngo6a kuthi umasekuqedwa ukuvunwa 6esekuya finywa amafindo kuvalwa isaqotho, ukuwisa kwezulu. Kulandwa umuntu oyinyanga yokuvimba isiqhotho singashayi emasimini. Kunjengoku vimba umuzi wendoda. Kuyekufunwe izindukwana zomnyezane

MEM /6esezinqunywa...........

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

6esezinqunywa kancane zinga6izindo kakhulu. Lezizinduku kuthiwa a6afana. Zizodwa ezi6ethelwa zizungezo ikhaya zivezwe kancane kuthi loku okuvelile kunidwe ngomuthi omnyama unjenge pholishi emnyama. Kuzakuthi a6anye a6afana 6afakwephezulu endlini 6a6e 6a6ili noma6athathu ngo6ukhulu 6endluleyo. Kuzakuthi a6anye 6afakwe eminyango a6afana. A6anye emakhamelweni a6ese makhamelweni

37. 6afakwa indlu isuka. La6a 6enzela izitha ukuthi zingafaki owazo umuthi, noma wezulu noma umbulelo, noma amafufunyana. Kuloko umuntu ukhipha inkomo. Nokuvimba umpezulu inkomo. Ukuvimba izinyoni, nokuvimba amatshe 2/-. Kuzakuthi la6a 6afana a6anga6ethelwanga 6elindiselwe izulu umaliza ka6ilinamatshe nalapha liduma, li6aniza. 6aye6ethulwe emusamo endlini 6akhiywe 6afakwe 6a6ekiswe lapha liqamuka ngakhona izulu. Kuzakuthi omunye umfana a6esemunyango. Umala6a 6afana 6engakhishwanga liye li6a fune izulu uku6a lingalimaza umuzi wonke. Kufana noma kukhona inyanga elaziyo izulu ithi ingali6ona ukuthi li6i i6isicashe endlini umbani uyayilanda ulimaze la6akhona lapho endlini ngo6a

38. ufuna inyanga. A6anye 6ayayikhipha endlini ngo6a ilica6ile izulu leli. Noma kuvinjwa ama6ele ku6oshwa amafindo azungeleze amasimu. Kuthi kulamafindo kumbelwe izikhonkwane phansi ezinomuthi wokuvimba amatshe uma izulu lize ka6i. Lomuthi nawo ufana nowo muphezulu kodwa wehlukile kancane ngo6a ezinye izinyamazane 6ayazishiya. Kuyaye ku6e kuhle wonke umuntu avimbe ukuze lingayitholi intu6a yokungena emasimini. Uma kuzovinjwa kuyemenyezelwa yonke indawo. Nangempela izulu linga6e lisa wisa amatshe. Kuzakuthi uma esezovuthwa ama6ele kuqalwe ngokulinda izinyoni ezuvadlayo. Umakulindwa kuvukwa ekuseni kuphethwe amalengisi. Kuyashinqiswa emasimini, kulengiswene zidwedwe ukuze izinyoni zethuke.

39. Zimandla ekuseni, nantambama. Kuzokuthi uma olindayo efika ensimini aphonse ngelengisi lakhe. Amemeze njalo, azule nensimi yonke ukuze zingakwazi ukuhlala. Kuzakuthi emini aphumule. Kodwa uma izulu lili6i liguqu6ele akakwazi ukuphumula. Zimandla ngalezi zinsuku izinyoni lizi liyoshona. Kuthi uma

MEM

/sekukhona.............

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

sekukhona izikhoba zikhiwe, kufunwe nenyanga yokuzivimba. Izinyoni zivinjwa kabili kubuye kuvinjwe namajuba. Zwinjwa kanjena. Kufunwa inyamazane yazo ixoxo. Kumbiwe umugodi lifakwe ekompini beselwalwa leli kophi sekuzobaswa phezu kwalapha kumbelwekhona inyamazane leyo. Kuthathwe namakhoba amabele ashiswe kuze kuqume inyamazane lena.

40. Kuthi x umasezilahliwe izinyoni bese kulindelwa aze avunwe mabele, engakavunwa esevuthiwe kuvalwe amajuba. Amajuba wona avinjwa wodwa wona ngoba awavimbeki kanye nezinye izinyoni. Kothi ema esevuthiwe avunwe. Ukuvunwa phakathi nensimu. Esizeni kuthathwa izinhloko zibekiswe phansi zendlalelwa izinhlanga kuqala ukuze kuthi noma lina izulu angaboli. Kothi musukwana iphelile insimu sekuzolungiswa isiza sokubulela amabele. Kucethwe kuqala kusindwe. besekulandwa amabele ngezinqola alethwe esizeni. Asazobulwa izinsiza zenzelwe utshwala ukuba ziphu namakhosikazi aphuze futhi eliwe amabele.

41. Ukudabuka kwabaka Makhathini

Laba banzalo yakwazulu ukuze kuthiwe abakwa Makhathini kusukele ekuxoshweni kuka Ngotshana. uNgotshana yena waye umnumzane esifundeni sakwa Thinta kwaZulu. Kuthena ngokufuya kwakhe inyoni kayiphumuli inkosi yase imuthukuthelela. Kuthena musukwana inkosi imbizile izobuza ukuthi izinkomo ezikabani na? Wabona uNgotshana ukuthi usephezu kokufa manjena. Lezizinkomo wayenazo uTshaka engakafi. Kuthena ngalanga linye uDingana inkosi izihambela yabona izinkomo ezimhlophe zigcwele isifunda sakwaThinta. Usebuza uDingana ku Nzobo unceku yakhe ukuthi

42. leziyankomo ezikabani? Usephendula uNzobo. Usethi ezomnumzane uNgotshana. Usethula uDingana akasho lutho. Usebona uNzobo ukuthi uDingana uphatheke kabuhlungu usemubikela uNgotshana ukuthi makazisuse x izinkomo ingaze inkosi iphinde izibone. Phela inyoni kayiphumuli x izinkomo zamakhosi. Sengathithi wayenunyelwe uTshaka uNgotshana ukuba azifuye lezizinkomo. Impela yozo kwakungezakhe uTshaka zigcinwa uNgotshana. Kuthena ukuba afe uTshaka akaziveza lezizinkomo ku Dingana. Usebona ukuthi unecala

~~usebikela~~

MEM /usebikela............

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

use6ikela umfowa6o uSikhotha ukuthi usehamba manjena. Ususwa amazwi ka Nzo6o. Usavuma naye uSikhotha. Se6e6aleka musukwana
43. inkosi ithumele ku Ngotshana ukuthi iyafuna uku6onana naye. Usevuma esithunyweni sengathi wolandelayo. Sesihamba isithunywa. Sesi6ika ukuthi usefikile. Kanti kuthena nga6o lo6o 6usuku weqa naye umfowa6o.uSikhotha. Kuthena ukufika kwa6o emuzinyathi 6afumana umufula ugcwele 6ase 6ewewusa njalo umzinyathi. Kwathi enhlanganweni yomuzinyathi nothukela 6awela. Uhambanjalo kayedwa unesizwe sa6antu. Kwathi uku6a a6one ukuthi izinhloli ziningi manjena wadukisa umukhondo wakhe. Wazi6iza ngokuthi unga Makhathini. Kuthena ngokusho njalo wasiza uNgotshane waphumelela
44. ukufika eCaphane. Lapho ngokwesa6a wayesezi khonzela khona kumnumzane uDlomo. uDlomo usemusa enkosini. Usetholwa uNgotshane lona. Usefa sekuthi uNobevu indodana yakhe isigcina wonke amasiko amaBaca. A6akwa Makhathini nanamhlanjena 6ayasika ezihlathini 6agcina usiko lwamaBaca. Kwathi uNobevu washada nentombi yamaBaca kwelase Caphane. Kuthi uma izingane 6eziyeka 6angazisiki ze6uye zizobosha ekhaya nomazisehlane. Ukusika loku kwenza izingane zinga6oshi ekhaya. Ezinye zicame endlini noma sezikhulile umazingasikwanga. Ezinye zivaleke amehlo ngo6a zingasekwanga. Futhi umuntu wakwa Baca.uma engasikanga aka6ukeki,
45. igazi lakhe alihlambuluki. Lokukusika kuthiwa ukuklakla. Kuthena uku6a akule uSikebe indodana ka Nobevu wehlukana noyise 6axa6ana Uyise wayefuna ukulinika uVizi ifalakhe lonke. Usethukuthila uSikebe usemuka nonina yonke indlu yakwa6o. Usesala uVizi noyise. uVezi owasendluni encane. Kwathi ngo6a uyise uyamuthanda unina wafuna ukumenza nkosana yakhe uNobevu. Kuthena ukuphuma kwakhe uSikhebe watholana namaSwazi e6aleka eSwazini. AmaSwazi ayehamba noAlson Nell owa6aleka eSwazini namakholwa. Inkosi yayifuna uku6a 6ulala. 6afumanisana kwelase eDindeli.

46. Kuthena musukwana a6akwaSigweje 6enyuka 6eze kwelakwa Hlathi wenyuka na6o uSikebe waze waphonseka kuleli lika Mahlasela Vilakazi induna yakwa Ndlela. Namhlanjena sewafa uSikebe kukhona amadodana akhe oVelaphi, noSi6ekwana. Na6o 6asalugcina

LEM /usikolwama............

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

usikolwama Baca. A6antu se6aza 6athi la6a a6akwa makhathini amaBaca. Kanti akuwona amaBaca. Okwenza xx inzalo ya6o ifuze eBaceni ukuthathana nawo amaBaca. Noku6amnyama loku 6enziwa ukuthathana nawo amaBaca. Ukuza kulesisika mahlasela kaZikali kaMangco6o ka Ndlovu ka Vilakazi weza nomfo kaHombindi nkosi umaHlala oyena nduna ya6akwa Sigweje x kulesi. Sika Mahlasela isifunda. Phela la6a 6akwa Ndlela 6ehlukana kaningi ngo6a a6akwa kunene a6ase 6ukhosini kwaNdlela.

47. Kuthena uku6a 6akhe kwafumaniseka ukuthi njengo6a a6akwa Kunene kanti a6anye na6o a6akwaKunene 6akulesisika Mahlasela kaZikali. Umahlasela lona kwakuyinduna kaGamulakhe Nkosi wakwa Ndlela. Kuthena uma6afuna uku6uyelana na6akwa Kunene kwaVimba izige6engu kwafumaniseka futhi ukuthi uSigweje usena6antu a6aningi manjena. Kwavela ukwehlukana phakithi kwa6o. Kodwa 6ake 6adumelana ngawo umkonto kwafumaniseka ukuthi uSigweje unamandla kakhulu. Wehlulwa uGamulakhe. Kwathi ukufika kwa6o kuleli lase Kali6asi 6afumanisa amazimu namalala amazimu ayesuswa a6akwa Sithole kwelase lenge. Athena anga6a6ona emukafuthi aqonda.

48. Ondini: Kwathi noku6a la6a akwaSigweje 6evakashele a6anye 6aku6o. Amazimu a6adla. Ayegcwele yonke indawo kusukela eSithothoni kwaze kwayofunjelela eHalimansi ngaphansi kuka Hlathi. Kwakuthi ngezinye izikhathi 6aphume inqina 6awaxoshe amazimu. Aze emuka impela. Kwakungahanjwa ukusuka kwa Hlathi uze ufike kuleli lase Kalabasi. Kwathi kanti amazimu asephelile Kwa6uye kwavuke wone amalala adla izimbuzi ezinta6eni nawo 6awakhukhula aqonda ngakhona Ondini. Yingako la6a a6akwakwaKunene 6ehlukana noSigweje. Namhlanjena ufumanisa ukuthi a6akwaKunene inzalo kaSigweje ayiyidli imvu kodwa la6a a6ehlukana naye a6ayayidla imvu. Kuthena izwe lingangenwa a6elungu 6a6uye 6aphindela

49. enkosini ya6o. Kumika njena a6akwaSigweje a6akulele 6akhe eSithotho. Kwathi a6aka Gamulakhe 6akha Esididini, kodwa lendawo kuthiwa iKala6asi ihlangene yombili. Induna yase Sithothoni umfoka noMbinda uMahlala Nkosi ukanye na6akwa Kunene yena. 6onke

MEM /a6akwa...............

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

